# 1 Ibhubesi negundane

*Isuselwe enganekwaneni yaseJalimane*




**NGAPHAMBI KOKUFUNDA LE NDABA**

**Qiniseka ukuthi uyayazi incazelo yala magama alandelayo**

uzojeza, ayidle izishiyele bo, ngesidladla, esifeni

**Qiniseka ukuthi uyakwazi ukufunda la magama alandelayo**

ngizobatshela, lalishwiba, esikhundleni, amazinywana, abangenamandla, enhliziyweni, nasemqondweni, asingcono

Ngesikhathi sekhefu uNkosikazi Goba wabona uKeki ekhala ebaleni lesikole.

'Ucasulwe yini, Keki? Ngitshele, kwenze njani,' ebuza kahle nje.

'OZazi noFeza bayangidelela ngoba ngimncane. Bangibize ngegundane elincane elingelutho, bathi ngeke ngize ngibe mkhulu ngilingane nabo,' kukhala uKeki.

UNkosikazi Goba wamthulisa uKeki. 'Ungavumi abafana laba abangezwa bakuphathe kabi, Keki. Akubona ubukhulu bendoda obubalulekile, ukulunga kwakhe okubalulekile,' kusho yena. 'Ngizobatshela lokhu oZazi noFeza kanye nabo bonke abantwana besikole.'



UNkosikazi Goba wayicabanga usuku lonke indaba kaKeki ngalelo langa. Wamangala ukuthi uzobayekisa kanjani abantwana abakhulu ukuhlupha abancane.

Wayesefikelwa yisu elihle uNkosikazi Goba. Uzofundela iklasi indaba ekhuluma ngebhubesi elihluphayo kanye negundane elincane.

Ngosuku olulandelayo, uNkosikazi Goba wabiza abantwana wabahlalisa phansi wabafundela indaba.

'Lalelisisani le ndaba engizonifundela yona namuhla. Inesifundo esibalulekile,' kusho yena. 'Emva kwalokho sizobona ukuthi niyasibona yini isifundo esikuyo.'

Bahlala abantwana bathula, uNkosikazi Goba waqala wabafundela.



# Ibhubesi negundane

Ngelinye ilanga ibhubesi lalilele emthunzini wesihlahla liziphumulele ngesikhathi igundane ligijima phezu kobuso balo. Lavuka ibhubesi lathukutheliswa kakhulu yilokhu.

'Uzojeza ngaleli phutha,' kubhonga lona emva kokubamba igundane. Lavula umlomo lifuna ukuligwinya.

'Ayidle izishiyele bo!' kuncenga igundane lethukile. 'Bengingaqondile ukukuvusa. Uma ungidedela ngingakusiza nami ngelinye ilanga.'

Ibhubesi lagigitheka. 'Wena, usize mina? Umncane awunamandla, kanti awubalulekile futhi! Yini nje ongangenzela yona?'

Laliphakamisa igundane ngomsila, lalishwiba ngaphambi komlomo walo. Esikhundleni sokuthi lilidle, lezwakala selithi, 'Hhayi, uyangihlekisa, umncane kakhulu futhi ukuthi ngingakudla, ngizokudedela!'

Lalidedela kalula ngesidladla igundane elaliselifile uvalo.



Emva kwezinsuku ezimbalwa, ibhubesi labambeka esifeni sabazingeli. Lazama ngamandla alo wonke ukuphunyuka ezintanjeni zesife kodwa njalo uma lithi lizama ukuphuma, izintambo zilibophe ziliqinise kakhulu. Amandla ebhubesi, ubukhulu balo, amazipho anamandla kanye namazinyo amakhulu akuzange kulisize. Lalibhajiwe.

Labhonga ngolaka okuhlangene nokwethuka. Labhonga kwanyakaza izihlabathi.



Igundane elincane lalizwa ibhubesi libhonga lasuka layozama ukuthola ukuthi konakelephi. Lathola ibhubesi lilele phansi libanjwe yizintambo zesife.

Igundane lakhumbula isethembiso elasenza, lathi, 'Bhubesi, ngelinye ilanga wavuma ukungangidli. Manje usenkingeni, sekuyimi engizokusiza.'

Igundane laqala ladla izintambo ezizungeze ibhubesi. Masinya amazinywana alo amancane ayesenze imbobo enkulu laphuma ngayo ibhubesi lasinda. Lakhululeka futhi.



Laphendukela egundaneni lagoba likhombisa ukuhlonipha.

'Ngiyabonga, gundane elilungile,' kusho lona ngokuzithoba. 'Ngenza isiphosiso ngokukuhleka ngithi umncane. Usindise impilo yami.'

'Ngethembisa ukuthi ngizokukhokhela ngelinye ilanga. Ngangiqinisile uma ngithi igundane elincane lingalisiza ibhubesi elikhulu,' kusho igundane.

'Wawuqinisile,' kuvuma ibhubesi. 'Noma singaba bakhulu kangakanani kwesinye isikhathi sidinga ukuba nobuhlobo nabancane abangenamandla. Akukho lutho okuncane nokungenamandla enhliziyweni nasemqondweni wabancane.'

Ibhubesi lagoba futhi lihlonipha igundane.

Bahlukana-ke.



UNkosikazi Goba wayivala incwadi. Iklasi lathula cwaka. 'Niyasithola isifundo esisendabeni, bantwana?' kubuza yena.

Banqekuzisa amakhanda bonke abantwana.

'Kukhona esikufundile kule ndaba,' kusho uZazi noFeza.

UNkosikazi Goba wamamatheka. 'Manje, kukhona enifuna ukukusho kuKeki?'

Baya bobabili abafana kuKeki bafika bathi, 'Ungaba mncane, kodwa asingcono kunawe ngenxa yokuba bakhulu nokuba namandla. Siyethembisa ukuthi ngeke sisakuhlupha futhi, ngeke sihluphe nabanye abantu.' Bashaya izandla bonke eklasini bejabulile.

UNkosikazi Goba wanqekuzisa ikhanda ecabanga ukuthi mhlawumbe kude le ibhubesi negundane elincane bayamamatheka.



# 2 Siyabhaka nogogo




**NGAPHAMBI KOKUFUNDA LE NDABA**

**Qiniseka ukuthi uyayazi incazelo yala magama alandelayo**

aconsisa amathe, isikhukhumalisi, ngokucophelela, ngephini

**Qiniseka ukuthi uyakwazi ukufunda la magama alandelayo**

ukugcwalisa, kuhhavini, enhlanganisweni, amaglavu, wokufafazwa

Sanibona! Igama lami ngingBirdie. Namuhla ugogo u-Evelyn usiza mina nomngani wami uKolo ukwenza amakhekhe evanila aconsisa amathe. Bheka ukuthi sibhaka kanjani. Siyakuthokozela!

Sigeza izandla ngenkathi ugogo eshisisa uhhavini ewubeka e-180°C ukuze ushise. Sekuyisikhathi sokubhaka!








Okokuqala, sibuka indlela yokubhaka ephephabhukwini ukuthola isilinganiso sofulawa, isikhukhumalisi kanye nosawoti odingekayo. Ugogo usikhombisa ukuthi siwusebenzisa kanjani ummese ukugcwalisa ufulawa enkomishini. Uthela isikhukhumalisi nosawoti kufulawa. Emva kwalokho usikhombisa ukuthi sizisefa kanjani lezi zinto esizifake endishini.

'Lokhu kufaka umoya enhlameni ukuze amakhekhe akhukhumale kahle kuhhavini,' kusho yena.










Ugogo uphula amaqanda amabili, uwashaya ngemfologo bese ewafaka enhlanganisweni yofulawa esendishini. UKolo uthela ushukela kancane enkomishini. Mina ngithela ubisi nowoyela ngokucophelela.

Ekugcineni ugogo uthela ivanila ngethisipuni. Mhn, kwanuka kamnandi!



Ugogo uhlanganisa inhlama ngephini likagesi. Uyalibambisisa iphini nendishi. Ugogo uthi mangenze kanye naye, akulula njengoba bengicabanga!

Ngenkathi ugogo exova, mina noKolo sigcoba amapani okwenza amakhekhe ngamafutha.

Ugogo uqedile ukuxova. Usebenzisa isipuni ukuzwa ukuthi inhlama ihlangene ithambile futhi ilula yini. Inhlama inamathela esipunini sakhe.

'Idinga ngiyixove futhi!' kusho yena.

Emva kokuxova imizuzu embalwa, ugogo uyayizwa inhlama futhi. Ayinamatheli ke manje esipunini. Seyilungele ukungena epanini lokubhaka!



Sinamapani ethu mina noKolo. Ugogo usifundisa ukufaka inhlama ngesipuni enkomishini ngayinye yepani. Sizama ukufaka inhlama elinganayo enkomishini ngayinye ukuze amakhekhe alingane. Sifaka inhlama ewuhhafu enkomishini ukuze ikwazi ukuba nesikhala sokukhukhumala.

## Indlela yokwenza amakhekhe



IZITHAKO (ngezamakhekhe angama-24)

- 2 izinkomishi zikafulawa
- 2 amathisipuni esikhukhumalisi
- ½ ithisipuni likasawoti
- 2 amaqanda
- 1 inkomishi kashukela
- ½ inkomishi yobisi
- ½ inkomishi yamafutha okupheka
- 1 ithisipuni levanila esensi





Ugogo ufaka amapani kuhhavini. Ugogo ufaka amapani kuhhavini. Amakhekhe adinga ukuhlala imizuzu eli-15.

Mina noKolo sikhotha izipuni, sidla inhlanyana esele endishini, sifuna ukuthi kungasali lutho endishini.

‘Bheka, Gogo,’ kusho thina, ‘akusadingeki sisigeze lesisitsha!’

‘Ngiyabona,’ kuhleka ugogo, ‘kodwa ubuso nizobugeza!’

Ngenkathi sigeza izitsha, sisula, sikhuculula, siqoqa etafuleni, amakhekhe ayakhukhumala kuhhavini. Masinyane iphunga elimnandi elifudumele lombhako ligcwala ekhishini.



Yakhala insimbi esho ukuphela kwesikhathi esibekiwe – amakhekhe asevuthiwe! Ugogo usebenzisa amaglavu okukhipha amapani ashisayo kuhhavini. Uwabeka ngokucophelela phezu kwesitofu ukuze aphole.

Ugogo usewukalile ushukela ogaywe waba yimpuphu namanzi wakufaka endishini. Mina ngisebenzisa isipuni ukuwuhlanganisa ukuze uqine kahle.

UKolo ulanda amaswidi, ushokoledi wokufafazwa, amabhola amancane anombala wesiliva esizokusebenzisa ukuhlobisa amakhekhe.

## Indlela yokwenza i-ayisingi

(ukulungiselela amakhekhe angama-24)

- 1½ izinkomishi zikashukela we-ayisingi
- 3 wezipuni zamanzi



Ukuhlobisa amakhekhe yinto engiyithandayo!

Kuthe uma esepholile amakhekhe, sathela ushukela ogayiwe ngesipuni phakathi nendawo ekhekheni ngalinye saze sawathela wonke. Senza amaphethini emakhekheni ngamaswidi, safafaza ushokoledi, sabeka namabhola amancane anombala wesiliva.


Amakhekhe ethu amnandi! Ngineqiniso lokuthi ubumnandi bawo buzofana nokubukeka kwawo.

'Angisakwazi ukulinda usuku lokuzalwa kukagogo olukusasa kube yikhona ngiwadla!' kusho mina kuKolo.

'Nami futhi!' kusho yena ekhotha iminwe okokugcina.



# 3 Idolobha lakithi




## NGAPHAMBI KOKUFUNDA LE NDABA

**Qiniseka ukuthi uyayazi incazelo yala magama alandelayo**

unesineke, nomyalezo, unsumpa, emfaniswaneni, ezakhiweni, ukuyohlenga, abahlengikazi, umtapo, lusezincwadini, nasemaphephabhukwini, izitembu, izingxenye, esinema

**Qiniseka ukuthi uyakwazi ukufunda la magama alandelayo**

esontweni, intshumayelo, kwabezicishamlilo, nomgwaqo, komnyango, isetshenziselwa, nasemaphephabhukwini, semakhompiyutheni, basemtatshweni, izingxenye







Sanibona! NgingNokwazi.
Ngiyanamukela edolobheni lakithi! Ngijabule kakhulu ukuthi nisivakashele edolobheni lakithi. Wozani sihambe, ngizonikhombisa idolobha lakithi.

Yisikole sami lesi, yisikole samabanga aphansi. Mina ngenza Ibanga lesibili kulo nyaka. Ngiyakuthanda ukuya esikoleni. Uthisha wami ungifundisa ukubhala nokufunda, kanye nezibalo. Usifundisa nangomhlaba wethu ukuze sithuthukise ulwazi lwethu. Uhlola umsebenzi wethu bese esichazela izinto esingaziqondi. Uhlakaniphile, unomusa kanti unesineke futhi.

Ngingahle ngibe nguthisha uma sengikhulile …







Yisonto lami leli. Umndeni wami ukhonza kuleli sonto. Mina nomndeni wami siya esontweni njalo ngeSonto.

Umfundisi uvula inkonzo ngomkhuleko. Emva kwalokho silalele intshumayelo yakhe ngesineke. Uvame ukuba nomyalezo obalulekile mayelana noNkulunkulu.

Umfundisi uyaye acule kamnandi kanye nekwaya. Ushumayela ivangeli, bese kuthi emva kwenkonzo axoxele izingane izindaba zeBhayibheli. Enkonzweni kuba nesikhathi sokwenza umnikelo. Ungumholi womphakathi wangakithi.

Ngingahle ngibe ngumfundisi uma sengikhulile …






Nasiya nesiteshi samaphoyisa. Bheka! Unsumpa umi ngaphandle. Uhlala ebukeka njengesikhulu emfaniswaneni wakhe oluhlaza okwesibhakabhaka.

Amaphoyisa ethu ayasivikela sihlale siphephile. Ayaqiniseka ukuthi bonke abantu edolobheni lakithi bayawulandela umthetho. Amaphoyisa abamba izigebengu nezaphulamthetho, kanti ayasisiza futhi uma kwenzeka into embi noma eyingozi.



Ngifisa kakhulu ukushayela imoto yamaphoyisa. Ngingayenza ithi *wi-wi-wi*, ngibanizise izibani bese ngishayela ngejubane! Akukho nesisodwa isigebengu esingaphunyula kimi!

Ngingahle ngibe yiphoyisa uma sengikhulile …




Manje sesifike endaweni engiyithandayo – kwabezicishamlilo!

Ngiyayithanda imoto yabo enkulu enombala obomvu klebhu ocwebezelayo! Izicishamlilo ziyaye zigibele ilada elide eliphakeme ukuya ezakhiweni eziphakeme ukuze zicishe umlilo. Zinethumbu lamanzi elide elifika le ezansi nomgwaqo uma liqaqwa!



Umsebenzi walaba bantu ufana nefilimu! Izicishamlilo zinesibindi esikhulu. Zingena ezakhiweni ezishayo ukuyohlenga abantu, yize umlilo ushisa futhi uyingozi kangaka. Ngenyanga edlule isicishamlilo seza esikoleni sami ukuzosifundisa ngokuphepha emlilweni.

Ngingahle ngibe yisicishamlilo uma

sengikhulile …






Yisibhedlela sethu lesiya. Ubona ngalesiphambano esibomvu esiphezu komnyango. Niyiyayibona i-ambulense ngaphandle? Isetshenziselwa ukuletha abantu abagula kakhulu noma abalimele esibhedlela.

Abahlengikazi esibhedlela basiza odokotela uma besihlola. Bayasixilonga ukuthi konakelephi uma sizwa sigula bese benza konke okusemandleni abo ukuze sibe ngcono. Ngiyabathanda abahlengikazi kodwa angiyithandi imithi nemijovo abasinika yona!

Ngingahle ngibe ngumhlengikazi uma sengikhulile …
(Kodwa ngeke ngibajove abantu.)






Uyathanda ukufunda izincwadi? Uma uthanda, umtapo wezincwadi yindawo ekufanele. Yindawo ethulile lapho umuntu efunda khona ngokuthula.




Umtapo wezincwadi yindawo okutholakala kuyo ulwazi. Olunye ulwazi lusezincwadini kanye nasemaphephabhukwini, kanti olunye ulwazi lube semakhompiyutheni. Uma sinemibuzo, abasizi basemtatshweni wezincwadi bayasisiza ukuthola izimpendulo nokuthola izincwadi esizifunayo. Baphinda basisize ukuthola izindaba ezifanelwe ukufundwa ukuze sikhulise ulwazi lwethu. Siboleka izincwadi siyozifunda emakhaya, kuthi uma sizibuyisela emuva sithathe ezintsha futhi.



Ngingahle ngibe wumsizi wasemtatshweni wezincwadi uma sengikhulile …




Awu! Ngabe isishayile? Kwabuhlungu-ke!

Masinikezane amakheli. Niyalibona iposi laphaya? Yilapho siya khona uma siyothenga izitembu sithumele namaphasela. Ngizonibhalela incwadi ngiyipose ebhokisini lezincwadi elikhulu elibomvu. Ngizobe sengilinda umuntu weposi ukuthi angilethele incwadi evela kinina.

Ngethemba ukuthi nikujabulele ukubona izingxenye zedolobha lakithi. Ngicela niphinde ningivakashele futhi masinya! Ngaleso sikhathi ngiyonithatha nginise ebhange, esinema, nasezitolo engizithandayo!

Ngingahle nginivakashele edolobheni lakini ngelinye ilanga!



# 4 INingizumu Afrika ngeyethu




**NGAPHAMBI KOKUFUNDA LE NDABA**

**Qiniseka ukuthi uyayazi incazelo yala magama alandelayo**

imbasa, ngowe-1994, uhlamvu, *The Big Five*, ihlosi, nowezi-2007, unohhemu, mpunga, izintshe, igaljuni, umkhoba, ufeleba, sabumbana, insephe, amaphengwini, amahlengethwa, yisiqalaba, isigidi, izingwadule, izimpophoma, ingxenye

**Qiniseka ukuthi uyakwazi ukufunda la magama alandelayo**

Rolihlahla, ezisemthethweni, ekwahlukahlukeni, sinezinhlamvu, ezahlukahlukene, sinenhlanhla, ngezinhlanu, izimpophoma, izingwadule, unohhemu, kwezasolwandle, amahlengethwa, yizilwandlekazi, ohlangothini, esiyisizemazema, njengengxenye

Ngonyaka ka-1994 iNingizimu Afrika yathola inkululeko!

Samukela uMengameli wentando yeningi, uNelson Rolihlahla Mandela, uMadiba!



uMadiba

Kwakungeve kumnandi kudelile sicula iculo lesizwe u*Nkosi Sikelel' iAfrika*, oculwa ngezilimi ezinhlanu ezisemthethweni.

Kuphakamiswa ifulegi lethu elisha eligqamile – okuyilona lodwa elinemibala eyisithupha emhlabeni! Yilona lodwa qwaba!



ifulegi lethu lesizwe

**Nkosi sikelel' iAfrika**

Nkosi sikelel' iAfrika
Maluphakanyisw' uphondo lwayo,
Yizwa imithandazo yethu,
Nkosi sikelela, thina lusapho lwayo.

Morena boloka setjhaba sa heso,
O fedise dintwa le matshwenyeho,
O se boloke, O se boloke setjhaba
sa heso,
Setjhaba sa South Africa – South Africa.

Uit die blou van onse hemel,
Uit die diepte van ons see,
Oor ons ewige gebergtes,
Waar die kranse antwoord gee,

Sounds the call to come together,
And united we shall stand,
Let us live and strive for freedom,
In South Africa our land.

iculo lethu lesizwe






imbasa yezwe lethu

Uyawubona umbhalo ongaphansi kwembasa yezwe lethu? Unomyalezo othi "inhlangano ekwahlukahlukeni". Ngowe-1994 sabumbana saba yizwe elilodwa nesizwe esisodwa.

Imali yezwe laseNingizimu Afrika ibizwa ngamarandi namasenti. Uphawu layo ufeleba u-R nohlamvu oluncane u-c. Irandi lilingana namasenti ali-100.

Sinezinhlamvu: 5c, 10c, 20c, 50c, R1, R2 no-R5. Izinhlamvu zakhiwe ngezinhlobo ezahlukahlukene zensimbi. Imali yethu inophawu lwembasa yesizwe ngaphambili kanye nesitshalo saseNingizimu Afrika noma isilwane ngemuva.



Sinemali engamaphepha: R10, R20, R50, R100 nama-R200. Le mali yenziwe ngamaphepha emibala ehlukahlukene. Imali yethu engamaphepha ngayinye inesithombe sikaMadiba ngaphambili kanye nezilwane zasendle ezahlukahlukene ngemuva. Lezi zilwane zibizwa nge-*the Big Five* (izilwane ezinhlanu ezinkulu).

**ngemuva**
















**ngaphambili**




R10 – ubhejane




R20 – indlovu




R50 – ibhubesi





R100 – inyathi




R200 – ihlosi

Zonke izilwane zasendle emalini eyizinhlamvu kanye nakwengamaphepha zitholakala ezindaweni zemvelo eNingizimu Afrika. Abantu emhlabeni wonke bayeza ukuzobona lezi izilwane.

Sinenhlanhla ukuba nezilwane eziningi kangaka ezahlukahlukene ezinhle kulelizwe. Kuzona kubalwa indlulamithi – isilwane esiphakeme esisho ngentamokazi ende kunazo zonke emhlabeni, indlovu – isilwane esikhulu kunazo zonke emhlabeni, ingulule – isilwane esinejubane elikhulu emhlabeni, ibhubesi – inkosi yezilwane. Kumele sizivikele siphinde sinakekele zonke izilwane zethu zasendle.


indlulamithi


ibhubesi


umgankla


indlovu


isilo


inyathi


ubhejane


ingulule


inkonkoni

Isilwane sezwe eNingizimu Afrika yinsephe. Igama layo lisuselwe endleleni egxuma ngayo iye phezulu emoyeni uma igijima. NgesiBhunu igama layo elithi *spring* lichaza 'ukugxuma' bese kuthi elithi bok lichaza 'inyamazane'.


isilwane sesizwe: **insephe**

## Uthi bewazi?

Iqembu lesizwe lombhoxo eNingizimu Afrika libizwa ngama 'Springboks'. Leli qembu lamaSpringboks lanqoba iRugby World Cup ngonyaka ka-1995 nowezi-2007.

SPRINGBOK

Kunezinhlobo ezahlukahlukene zezinyoni ezingama-850 ezitholakala eNingizimu Afrika.

Unohhemu yinyoni yesizwe eNingizimu Afrika. Unohhemu yinyoni ephakeme kakhulu, inentamo ende nemicondo kanye nemilenze emide. Olimini lwesiNgisi igama layo lisukela embaleni wayo oluhlaza njengesibhakabhaka kanti kunobumpunga futhi emehlweni ayo.



emehlweni ayo. inyoni yesizwe: **unohhemu**

Inyoni enkulu kunazo zonke emhlabeni yintshe, itholakala eNingizimu Afrika. Izintshe azikwazi ukundiza kodwa zigijima ngejubane eliphakeme. Intshe yinkulu kakhulu ungayigibela njengehhashi! Izintshe zinamehlo amakhulu ukudlula zonke izilwane ezikhona emhlabeni. Intshe futhi izalela amaqanda amakhulu kunawo wonke.



izintshe

**Uthi bewazi?**
Iqanda elilodwa lentshe lilingana namaqanda enkukhu angama-24!

Namaphengwini ayatholakala eNingizimu Afrika. Amaphengwini yizinyoni ezincane ezinombala omnyama nomhlophe. Zihlala ngasolwandle. Azikwazi ukundiza kodwa zikwazi ukutshuza emanzini ngejubane elikhulu.



iphengwini

Kumele sivikele siphinde sinakekele zonke izinyoni zethu zasendle.




inhlanzi yesizwe: **igaljuni**

Inhlanzi yesizwe eNingizimu Afrika yigaljuni. Itholakala olwandle olungajulile oluzungeze iNingizimu Afrika. Itholakala eNingizimu Afrika vo!

Ulwandle lwethu eNingizimu Afrika lunezilwane ezibaluleke kakhulu. Kunemikhomo – izilwane ezinkulu kakhulu zasolwandle, oshaka – izilwane eziyingozi kakhulu zasolwandle, namahlengethwa – izilwane ezihlakaniphe kakhulu zasolwandle.



imikhomo



oshaka nezinhlanzi



ihlengethwa

**Uthi bewazi?**
Imikhomo namahlengethwa azilona uhlobo lwenhlanzi – kanti futhi zidla okuluhlaza njengathi!



ufudu lwasolwandle

Ulwandle lwethu luphuphuma izinhlanzi ezimibalabala nezilwane zasolwandle ezakheke ngokuhlukana, futhi ezingalingani. Kumele sivikele siphinde sinakekele zonke izilwane zethu zasolwandle.

**Uthi bewazi?**
Esifundeni saseWestern Cape, iNingizimu Afrika ithintwa yizilwandlekazi ezimbili. Ohlangothini olulodwa wulwandlekazi olubandayo lwesinxele ai-Atlantic, kanti kwelokudla wulwandlekazi olufudumele i-Indian.

Imbali yezwe eNingizimu Afrika yisiqalaba esiyisizemazema. Ngesilungu yi'Protea'. Kunezinhlobo zesiqalaba ezahlukahlukene ezingama-360 eNingizimu Afrika. Lezi zimbali ezinhle zitholakala ngombala ophinki noma omhlophe noma obomvu.



imbali yesizwe: **isiqalaba**

**Uthi bewazi?**
Iqembu lekhilikithi eNingizimu Afrika libizwa ngama'*Proteas*'.

Isihlahla sesizwe eNingizimu Afrika wumkhoba. Yisihlahla esilokhu samila kuleli kudala eNingizimu Afrika, eminyakeni engaphezulu kwezigidi eziyi-100 ezedlule.

Kumele sivikele siphinde sinakekele zonke izihlahla zethu kuleli.



isihlahla sesizwe: **umkhoba**

Kunezindawo eziningi ezikhethekile esinokuzibona eNingizimu Afrika. Sinezintaba namathafa, amahlathi nezingwadule, imifula nezimpophoma, ulwandle namabhishi.

Sinenhlanhla ukuthi sibe nomhlaba ongaka ezweni elilodwa nje! Kumele sivikele siphinde sinakekele izwe lethu.



umfula



ugwadule



intaba nogu



ihlathi

Kunabantu abangaphezu kwezigidi ezingama-50 abahlala eNingizimu Afrika. Sikhuluma izilimi ezahlukahlukene. Silandela amasiko ahlukahlukene. Sidla izidlo ezahlukahlukene. Sinamasiko nezinkolo ezahlukene. Sinezikhumba ezinemibala ehlukahlukene. Kodwa wonke umuntu ngamunye kithi ubalulekile njengengxenye yezwe eliwuthingo lwenkosazana. Kumele sivikelane sinakekelane, ngokuthi sonke singabaseNingizimu Afrika. INingizimu Afrika ngeyethu sonke.



# Incwadi Enkulu 8

Izincwadi Ezinkulu ziwumthombo omuhle wokufunda ngokubambisana. Incwadi Enkulu ngayinye kulezi ezibizwa nge*Vula Bula* iqukethe izindaba ezahlukahlukene ezihlelwe ngesihloko esisodwa. Kunemifanekiso edwebeke kahle emibalabala ehambisana namazwi abhaliwe afundeka kalula ngokuphinyiselwa, kanti imifanekiso lena ihambisana kahle nokubhaliwe, ukugqugquzela uthando lokufunda izindaba. Ukuxoxisana nabafundi ngemifanekiso kuvame ukulikhuphula izinga lokukhula komfundi ngamunye ekufundeni, kuphinde kumnike isibindi neqholo ngokusetshenziswa kwamagama amasha uma ekhuluma. Indaba ngayinye inohla lwamagama amasha okudingeka abafundi bawaqonde ukuze bakwazi ukuyilandele kalula indaba.

Vula Bula

**Incwadi Enkulu 1**
1. Musa!
2. Lala
3. Izimo
4. Vula vala

**Incwadi Enkulu 2**
1. Baleka
2. Lalela
3. Bala
4. Qoqa

**Incwadi Enkulu 3**
1. Jika
2. Ubaba usele nosana
3. Umnikelo
4. Nyenyeza

**Incwadi Enkulu 4**
1. Ekhaya
2. Elikabani isondo?
3. Uhambo
4. Sizani!

**Incwadi Enkulu 5**
1. Uphi uZinzi?
2. Sidlala ungize
3. Izinyo
4. Liphukile ifasitela

**Incwadi Enkulu 6**
1. Awu, Mnu Nkawo!
2. Esitolo sezingubo
3. Isaqathe esikhulukazi
4. Umoya nelanga

**Incwadi Enkulu 7**
1. Bekela ikusasa
2. Indaba yomlingo
3. Isobho lamatshe
4. Unogwaja nofudu

**Incwadi Enkulu 8**
1. Ibhubesi negundane
2. Siyabhaka nogogo
3. Idolobha lakithi
4. INingizumu Afrika ngeyethu

## ISIZULU

ZENEX FOUNDATION
MOLTENO Institute for Language and Literacy

CC BY NC ND

978-1-77580-485-7